

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA  
UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU ENKONZWENI YESIKHUMBUZO  
EMBAZWANA NGOLWESINE MHLAKA 20 JANUARY 2011**

Mphathi wohlelo;  
Ubukhosи bonke obukhona;  
IMeya yoMkhandlu;  
Amakhansela Akhona;  
Abefundisi;  
Izisebenzi zeminyango ziholwa iNhloko yezokuThutha uMnuз. uHlabisa;  
Ngokukhetekile ngibingelele imindenи engosingaye lapha;  
Bese ngibingelela umphakathi wonke;  
Ngithi sanibonani.

Siyabonga ukuthola ithuba lokuba kesiphefumule nathi singuMnyango wezokuThutha noHulumeni wesifundazwe esimweni esibuhlungu kangaka esingehlelanga indawo yaseMbawana kuphela, kepha isifundazwe sonke saKwaZulu-Natal. Siyabonga kakhulu emindenini evumile ukusinika leli thuba lanamhlanje ukuthi siphinde sizobhonga emswanini njengoHulumeni sihlangene nabantu.

Ngeviki eledlule ngoMsombuluko uMnyango wezokuThutha kuzwelonke ukhiphe izibalo ezikhombisa ukwehla kwezibalo zokufa kwabantu emigwaqeni yethu ngesikhathi samaholide esiphuma kusona. Kodwa kumele sikucacise ukuthi kusasiphatha kabi kakhulu ukuthi kulokho kwehla, iKwaZulu-Natal isahamba phambili.

Okusempeleni noma ngabe kwehlile ukufa kwabantu emigwaqeni yethu, thina njengoHulumeni sikhathazwa nayikona nje ukuthi kukhona abasalahlekelwa izimpilo zabo noma ngabe uyedwa vo. Okube sekusithusa kakhulu-ke manje ngukuthi sithi sisabheke ukwehla kwezibalo bese sithola imibiko yale ngozi yalapha ngoLwesithathu. Yingakho ngemuva kokuzwa ngayo le ngozi ngibe sengixhumana naboMnyango ukuze sihlele ukuzobheka isimo ngoLwesine sihlanganise amakhanda neminden eshonelwe sibone nabalimele esibhedlela.

Yingakho-ke namhlanje sesizobhonga emswanini nje sithi njengoMnyango noHulumeni jikelele sizwa ubuhlungu ngokwenzeke kule ndawo. Siyazi ukuthi sikwenza lokhu njengosiko lwethu eMnyangweni nakuHulumeni ukuba silekelele abantu bakithi uma besabhekene nesikhathi esinzima kanjena. Kodwa okusempeleni awekho amagama nempahla okungavalala isikhala somuntu ekhaya. Siyazi futhi ukuthi

amalungu emindenii esizowaduduza yiwona asenkingeni enkulu ngoba kuwona kufana nokuthi kuxebuke inyama.

Ngakho-ke izimo ezinjengalezi zenza sihlale sizibuza ukuthi ngempela kanti kwakhala nyonini emigwaqeni yethu. Zenza sizibuze ukuthi kanti yini okumele yenziwe futhi yenziwe ngubani? Siyazibuza ukuthi kungani sithi singuHulumeni sizama ngokusemandleni ukuletha impilo engcono kubantu basemakhaya ngentuthuko, kodwa kujike kuchitheke izimali nesikhathi ngenkathi sesibhekene nomphumela wezingozi zomgwaqo iningi lazo ezenziwa ngamabomu ngabantu abangafuni ukulalela.

Awucabange nje ngemali engaphezulu kuka-R56 billion echitheka ngezingozi zomgwa minyaka yonke ezweni lethu. Yingakanani intuthuko yengqalasizinda engenziwa ngale mali?

Abantu bakithi bahlula ngisho singuHulumeni sesibe nemikhankaso eminingi ebaqwashisa ngokuphepha emgwaqeni. Kule mikhankaso kuphinda kusetshenziswe zona izimali kuchitheke nesikhathi esiningi kuncengwa abantu ukuba baziphathe kahle emgwaqeni. Kodwa phezu kwako konke lokho sisahambela izinkonzo zalolu hlobo.

Imikhankaso esikhulumu ngayo isuke ilekelela nje ekutheni abantu abasebenzisa umgwaqo bahlale beqwashile. Kodwa iqiniso lithi uHulumeni unazo zonke izinto eziyisisekelo ekutheni umuntu asebenzise umgwaqo ngokuphepha.

Bheka nje, akekho umuntu ogunyazwa ukuba ashayele imoto engaqalanga wafunda yonke imithetho nezimpawu zomgwaqo ukuze kube nesiqiniseko sokuthi ngeke enze ingozi emgwaqeni. Kodwa uma umuntu esefundile waphasa wathola igunya lokushayela, ukhohlwa yiyo yonke le mithetho ikakhulukazi lona osuqede abantu othi ungashayeli uphuzile.

UHulumeni uphinda akhe imigwaqo eminye ayifake itiyela ngemali eshisiwe, ayifake nezimpawu zokuxwayisa ngokungaba yingozi uma ushayela, kufakwe namabhodi akutshela umgomu wejubane okumele uhambe ngalo kuleyo ndawo. Kodwa mihla namalanga singcwaba abantu abashonele emgwaqeni ngenxa yokushayela bedakiwe nokugijima ngokweqile. Kule ngozi yalapha nje sibonile ukuthi umgwaqo wethu akuwona obunenkinga engadala ingozi enjengalena.

Ngenxa yokwephulwa kwale mithetho futhi, uHulumeni uphinda achithe imali eningi ngokuqeqesha nokuholela amaphoyisa azogada izephulamthetho emgwaqeni. Manje-ke uma sibheka konke lokhu ngeke singabuzi phela ukuthi kanti yini-ke bakwethu okumele yenziwe futhi yenziwe ngubani?

Njengamanje sisalinde umbiko wochwepeshe bethu abaphenya mayelana nembangela yale ngozi. Kodwa kukhona okunye engithanda sidlule kukona njengoba sihlangene lapha nomphakathi okuyiwona osebenzisa amabhasi oMkhuze Bus Service.

Kunephutha esivame ukulenza singabantu ukuthi sicabange ukuthi uHulumeni uyacindezela ngokukhipha izimoto ezingekho esimweni sokuba semgwaqeni. Uma imoto isiyenza ingozi sekualvalwa ngehlahla, kube sengathi uyena futhi uHulumeni ongenzi okwenele ukuphephisa izimpilo zabasebenzisa umgwaqo. Kokunye kuba yibona abagibeli abakhala ngokuthi amaphoyisa ayabaphazamisa abalibazise kanti akwenza lokho egameni labo.

Nakule nkampani yamabhasi-ke sithumele ithimba lethu layohlolola wonke amabhasi ukuthi asesimwensi esinjani kwatholakala ukuthi angu-20 awakufanele ukuba semgwaqeni. Kuyimanje lawo mabhasi awekho emgwaqeni siwamisile amalayisensi awo okusebenza.

Njengoba sisempini yokulwa nezingozi emgwaqeni, siyazi-ke ukuthi kakhona kuzobakhona abazithola behlukumezeka bengenze lutho bona. Phela vele uma kunempi abantu abangenacala kuyenzeka bazithole sebedliwa yimicibisholo engaqondisiwe kubona. Ngakho-ke nasemphakathini walapha siyanxusa ukuba usibekezelele, siyazi ukuthi akulula.

Ngokomthetho futhi kungumsebenzi wenkampani ukuthi uma kuzimo eziphazamisa ukusebenza kwamabhasi ayo kube yiyona ebhekela ukuthi abagibeli basizakala kanjani. UMnyango usuke usulekelela nje ngoba phela bahlale bethembele kuHulumeni wabo ukuthi uzobasiza. Kodwa siyathemba-ke ukuthi inkampani izowalungisa ngokushesha amabhasi isimo sibuyele kwesijwayelekile.

Sinxusa nemboni yamatekisi ibambisane isebezisane kahle nomphakathi ngalesi sikhathi. Njengabagibeli masingavumi ukugibela izimoto ezizobeka izimpilo zethu engozini ngenxa yesimo semoto noma somshayeli. Masizibophezele sonke esilapha ukuthi sizokuba ngamanxusa ezokuphepha emgwaqeni.

Nakuba kunzima kodwa mangithathe leli thuba ngithi egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal sifisa ukududuza iminden'i yalaba:

Igama nesibongo
1. Bongiwe Dlinzile Mdluli

2. Mantombi Tryphina Mlambo
3. Emily Nhlenyana
4. Sibongile Thobekile Mdletshe
5. Busi Mbatha

Sifisela nabalimele abaselashwa ukuthi mabalulame ngokushesha.

Ngenxa yobuqili babantu lapha ngaphandle, uMnyango usuwathatha isinqumo sokulekelela abantu bakithi abadinga ukunxeshezelwa yisikhwama sezingozi i-Road Accident Fund (RAF) uma kuvele izinhlekellele ezinjengalena. Lokhu kwensiwa mahhala ngabasebenzi boMnyango. Ngakho-ke sinxusa umphakathi wakithi ukuba uqaphele abantu asebephenduke amanqe abasebenzisa usizi lwabantu ukuzicebisa bona.

NjengoHulumeni kungumsebenzi wethu ukuhlale singasohlangothini Iwalabo abangakwazi ukuzisiza.

### **Ngiyabonga**